UMnu RAVI PILLAY

UNGQONGQOSHE WEZEMISEBENZI YOMPHAKATHI KWAZULU-NATAL

UMGUBHO WOSUKU LWENTSHA ONGASOZE WALIBALEKA

MELBA NZIMANDE

Mhla ziyi- 14 namhla ziyi-15 kuNhlangulana wezi-2017, uMnyango Wezemisebenzi Yomphakathi KwaZulu-Natali usingathe imicimbi yokugujwa koSuku Lwentsha kuwona wonke amahhovisi awo asezifundeni kanye nasenhlokohhovisi ngenhloso yokubungaza nokukhumbula izimpilo zabantu abasha abaningi abanyakazisa iNingizimu Afrika yonkana ekuseni ngovivi lwamhla ziyi-16 kuNhlangulana we -1976.

Umlando waleli holide waqala eSoweto lapho abafundi abamnyama bezikole ezahlukene babamba umbhikisho ongenadlame emigwaqeni yaseSoweto bekhonondela ukuqalisa kokuthi iSiBhunu sibe ulimi okufundwa ngalo ezikoleni zendawo.

Lo mbhikisho kwakungewona nje kuphela owokuphikisana nokufundiswa ngesiBhunu kodwa wawumelene nohulumeni wobandlululo kanye nokuhlukunyezwa kwabantu ababengebona abebala elimhlophe okwabe kuyibona abaningi eNingizimu Afrika.

Le migubho iye yakhumbuza bonke abasebenzi leziya zikhathi lapho abantu abamnyama babeqonelwa ngabamhlophe, lapho abamnyama babengenayo inkululeko yokuzikhethela nalapho abamnyama babeshushiselwa ukulwela lokho abakholelwa kukona. Le micimbi iye yasingathelwa ukusikhumbuza lapho sivela khona siyizwe nanokuthi uqale kanjani umoya woBuntu bokuphatha bonke abantu ngokulinganayo kule minyaka edlule. Ngaphezu kwalokhu, mihla namalanga sibona uHulumeni wethu ezama konke okusemandleni ukulwa nemiphumela yokungalingani okwabe kukhona, kanjalo nokuthi lo hulumeni uqinisekisa kangakanani ukuthi ukungabibikhona kobulungiswa okwakwenzeka esikhathini esedlule akwenzeki kulo mbuso wamanje. Isizukulwane sanamhlanje sifunda noma yikuphi futhi sifundiswa nganoma yiluphi ulimi esiluthandayo ngenxa yawo umbhikisho waseSoweto.

Abasebenzi bakahulumeni bamanje bafaka izicelo zomsebenzi futhi bangena kunoma yiziphi izikhundla abazithandayo kungakhathalekile ukuthi abaliphi ibala, ubudala kanye nobulili, inqobo nje uma beneziqu ezifanele nolwazi olunzulu ngalowo msebenzi. Abaphathi behhovisi leSifunda esiseNingizimu kanye nabasebenzi bebegqoke umfaniswano wesikole ukukhumbula labo abalahlekelwa imiphefumulo yabo ngaleya nkathi.

Bacula amaculo omzabalazo okwakuyisikhumbuzo sokubaluleka kwaloluya suku. IMenenja yeHhovisi Lesifunda esiseNingizimu, uMnu. Mchunu, usho amazwi ajule kakhulu lapho ethe indlela efanelekile yokukhumbula nokuhlonipha labo abashona belwela inkululeko yethu ukuba singalokothi sivumele nanoma yiluphi uhlobo lokungalingani ezimpilweni zethu, waphinde wathi kumele senze konke okusemandleni ukuthi siyaphumelela ngazo zonke izindlela emsebenzini wethu ngoba le nkululeko esinayo asiyitholanga kalula. UMnu. Zondi obeyisikhulumi sosuku naye uye wahamba kuwona lawa mazwi esho ukuthi abantu abamnyama kuleziya zikhathi babeba abasebenzi nje abaholelwa imadlana engatheni, kodwa manje, singabantu nezwe, silapha esikhona nje ngenxa yombhikisho wabafundi baseSoweto. Uye wathi okumqoka kakhulu ukuba sikhombise ukuyithakasela le misebenzi esiyenzayo futhi sibe isibonelo esihle nakwabanye ngokuthi emsebenzini sibe yizingcwepheshi kulokho esikwenzayo. Lolu suku lwagujwa ngezinkulumo ezinohlonze zokuthi kumele siphile impilo enjani esikhathini sanamuhla. Izikhulumi eziningi zakhuluma ngokuphila kahle kanye nendlelampilo enhle, okwabe kukhona nabamele ezokuzivocavova ababekhombisa izindlela zokuthi abantu kumele bazivocavoce kanjani kanye nendlela yokudla enomsoco.

Empeleni, lokhu kwenziwa ukugqugquzela abasebenzi ukuthi bahlale bephilile ngaso sonke isikhathi. INingizimu Afrika isihambe ibanga elide kakhulu kusukela ngalolo suku eminyakeni engamashumi amane eyedlule.

Okwakuhlaba umxhwele ngokugujwa kwalolu Suku Lwentsha ukuthi zonke izinhlanga zazibambe iqhaza ekugubheni ubunye, okwakhombisa ibanga eselihanjwe abantu kanye nesizwe.

Namuhla ibala lesikhumba alisasho ukuthi uzongena noma angeke ungene kuphi, zonke izizwe sezihlala zithokoze ndawonye zakhe nobungani, sekubusa inkululeko iphinde ikhazimule ebusweni babo bonke abantu baseNingizimu Afrika.

Yize usuku lwentsha lugujwa ngosuku olulodwa nje onyakeni kodwa iNingizimu Afrika igubha le nyanga kaNhlangulana yonke njengalokhu ihlotshaniswa nentsha yanamuhla kanye nentsha yonyaka yowe-1976. Ningizimu Afrika, iNyanga Yentsha Enhle!

Abasebenzi ngesikhathi belingisa umdlalo "iSarafina" okuyisikhumbuzo soSuku Lwentsha